# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

Ngiyabonga kakhulu. Ningahlala phansi.

2 Lokhu kuyisipiliyoni esingajwayelekile kimi kulobubusuku, ngoba bengilokhu ngilindele kusukela ngisengumfanyana ukuba nesikhathi esisodwa engingakhonzisa ngaso abantu baseMaine. Ngenkathi ngisengumfanyana nje ngangivame ukuza lapha ukuyozingela phezulu ngaseMoosehead Lake, eSquaw Pond, ePittston Farm, emuva kulezo zindawo lapho. Futhi ngangihlangana nabantu abahle kangako, ngazibuza nje ukuthi ngabe iMaine yayingagcwele lolo hlobo lwabantu. Futhi bengisedolobheni lenu elithandekayo lapha izinsuku ezimbili, futhi ngithole kunjalo, abantu abaqotho ngempela.

3 Niyazi bathi, "Ukuphathwa kwezihambi kwaseNingizimu," awu, bona . . . Ngicabanga ukuthi yilokhu enikubiza ngakho, "Ukuphathwa kwezihambi kwaseNyakatho." Isizathu bangabantu abahle lapha njengengake ngababona empilweni yami, izikhathi ezinhlanu emhlabeni jikelele.

4 Ngakho-ke ngijabula ngempela ukuba lapha kulobubusuku kulelihholo elikhulu elihle nokubona lombuthano omuhle walolu hlobo lwedolobha elikude le namadolobha amakhulu. Futhi ukushisekela kwenu, no—nothando lwenu ngoKristu lwaphuma kanje kube ubusuku bokuqala kumuntu, mhlasimbe, ongakaze azwe ngami ngaphambili empilweni yakho. Ngakho-ke lokho kungakuhle kakhulu. Ngiyakwazisa lokhu.

5 Uxolo, sinobusuku obubodwa vo. Ngicabanga ukuthi ukuba sibe nezinsuku eziyisishiyagalombili noma eziyishumi lapha zomkhankaso ojwayelekile, iNkosi ibiyokwenza izinto ezinkulu phakathi kwethu, Ezozenza kulobubusuku; sizokwenza, sibheke phambili kulokho.

6 Manje, asizile ukuzomela noma yiliphi ihlelo elithile lebandla. Thina . . . Mina, mina uqobo ngagcotshwa ebandleni leMissionary Baptisti. Futhi khona-ke angikaze . . . Angikaze ngilishiye nje ibandla, ngisanda kuqalisa ukuma phakathi kwezikhala phakathi kwamahlelo ehlukene, futhi kulemihlangano nje yokukhulekela abagulayo. Futhi imuphi umthelela iNkosi enginike wona, angifisi uku—ukukunika konke kube sehlelweni elilodwa; okoMzimba wonke weNkosi uJesu Kristu, kungakhathaleki ukuthi bangelaliphi ibandla.

7 Futhi ngangivame ukwelusa izinkomo kakhulu ezinsukwini zami entshonalanga, futhi ngaqaphela lapho siyothatha khona izinkomo siziyise ehlathini, kungani, umqaphi uyoma lapho ehlola lezo zinkomo othangweni olushushumbisayo. Izikhathi eziningi ngihlezi lapho nomlenze wami uhhukeke ophondweni lwesihlalo sehhashi, ngiqaphile. Futhi umqaphi akazange anake kakhulu uphawu olwalusezinkomeni, kwaku—kwakuwuhlobo lwenkomo. Igazi elalisenkomeni, yayinesigqebhezana, futhi yayifanele ibe yiHereford yohlobo oluthile noma yayingenakuhamba ehlathini. Lokho kwakuyinto esemqoka.

8 Futhi ngicabanga ukuthi kuyoba ngaleyondlela ngoSuku lokwaHlulela: Ngeke kube yilokho ncamashi lokho uphawu esilugqokile, njengalokho iGazi esingaphansi kwalo. IGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, liyoba ukuphawulwa kwabantwana baKhe. Abanye bethu bangathi, "Thina singamaMethodisti," noma i "Baptisti," noma i "Assemblies of God," noma i "Apostolic Faith," noma ngabe kuyini, kodwa kuyoba yikho konke okungaphansi kweGazi, ngiyakholwa, kuzongena ngaloloSuku. Futhi ngakho-ke ngilindele ukuba nani lapho kulokho kubuthana okukhulu okungukuthi zonke izidalwa ezingabantu bebebheke ngabomvu kukho, kuyo yonke iminyaka.

9 Manje, sikhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ikakhulukazi emhlanganweni wami. Kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusikho lokho esizama okukhulu ngakho. Awuzoze wenza okukhulu ngokuncane. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyi—isipho nje ukwethula uKristu ngendlela yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ukubamba ukunaka kwabantu ukubazisa ukuthi uJesu uyabathanda. Futhi ukuphulukiswa okusemqoka esikufunayo ukuphulukiswa komphefumulo womuntu, ukuthi abantu abazelwe ngokusha babe nokuPhila okuPhakade, futhi abasayikubhubha, kodwa bavuswe futhi ngosuku lokugcina. Bese-ke nithatha ibandla lokuzikhethela kwenu.

10 Sisuka lapha sehle siye kwelincane, elinye idolobha elingezansi kwethu lapha, iBangor, ngiyakholwa, eMaine. Futhi sizoba lapho okokugcina kwalelviki nasekuqaleni kweviki elizayo, izinsuku eziyisithupha. Kuzoba isikhathi eside kunazo zonke sokuhlala esaba naso e. . . emkhankasweni waseNew England. Futhi uma u. . . wakhe eduze kwalapho, sizobe sibheke ngabomvu ukukubona, ngokulangazela okukhulu. Futhi lindela, mhlawumbe, kulowo mhlangano, lapho mhlawumbe sizojwayelana kakhulu. Okukodwa, ubusuku obubili uthola nje ukuthi, "Awu, ngiyazibuza." Emva kwesikhashana, bese siyahamba, "Hamba kahle," futhi awusakwazi ukubabona. Kodwa uma singadonsa ubusuku obumbalwa, uze ubone

uNkulunkulu ukuthi ungokoqobo, ufakazelwe ukuthi ungokoqobo.

11 Manje, ngikholwa ukuthi, indikimba yomkhankaso ingukuthi, uJesu Kristu uhlala enguye, izolo, namuhla, naphakade. Manje, sifisa ukufunda umBhalo omncane nje ngomzuzwana.

12 Futhi ngifuna ukusho kulabo abaxhasayo lapha, kumelusi, siyanibonga ngempela ngalelithuba, bazalwane bami abathandekayo. Futhi ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu waseZulwini uzonibusisa ngokuchichima ngokwedlulele, futhi aninike isifiso senhliziyo yenu.

13 Manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe eliyigugu, noma yimuphi owesilisa, noma, owesifazane, umntwana, okwaziyo ngokomzimba, angakwazi ukuphenya amakhasi emuva, kodwa kuthatha uMoya oNgcwele ukuvula ngempela iZwi enhliziyweni yethu, ngokuba Lilotshwe nguMoya oNgcwele. IBhayibheli lathi, "Ngisho namadoda asendulo, ngenkathi enyakaziswa nguMoya oNgcwele, aloba iBhayibheli." Ngakho-ke, Liphefumulelwe.

14 Asikho isidalwa esingumuntu esinelungelo lokuthi, "Sinokuhumusha, akekho omunye onakho." UMoya oNgcwele unokuhumusha. Futhi asiMcele kulobubusuku ukuthi Uzosihumushela yini, sisafunda futhi sikhuleka. Singakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje ngomkhuleko na?

15 Manje, ikakhulukazi kini bantu eningakaze nibe semhlanganweni phambilini, Ngifuna ube qotho ngempela manje, futhi uthi, "Nkulunkulu, ake ngibeke eceleni lonke ubandlululo enhliziyweni yami."

Nina enigulayo, thanini, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, lokhu kuzoba ubusuku bami bokuphulukiswa ngempela."

Ake sithi isoni, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni," sisakhuleka.

16 Nkulunkulu ongcwele kakhulu nohloniphekile, siza eBukhoneni baKho, kuqala eGameni leNkosi uJesu. Ngokuba kufundiswe thina ngeZwi laKhe elingcwele elibusisiweyo, ukuthi uma sicela noma yini kuBaba eGameni laKhe, sifanele sikwemukele. Ngakho-ke, asinagama noma udumo lokuhlangana naWe ngalo. Futhi siza ngokuzithoba, ngenhlonipho yokuzithoba eGameni laKhe elihloniphekile nelingcwele, sazi ngokweZwi laKhe, ukuthi Wena uzozwa, futhi sizoba nalokhu kukhuluma naWe.

17 Manje, lomhlangano ubekwe ndawonye, Baba, Wena uye wabhekisisa wonke umnyakazo, futhi awusiwo owenye inhloso, kodwa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nangosizo

lweBandla laKhe elikhulu, uMzimba weNdodana yaKhe, engabonakali.

18 Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzophulukisa bonke abagulayo abasesakhiweni kulobubusuku; kwangathi kungabikho muntu obuthakathaka ophumayo kulesi sakhiwo kodwa ozophiliswa ngokuphelele. Kwangathi isoni, Nkosi, ongakholwayo, singaba namahloni kakhulu futhi sihlambalazeke eBukhoneni boMoya oNgcwele omkhulu, ukuthi yena owesilisa noma owesifazane uzothi, "UNkulunkulu abe nomusa kimi," futhi usindiswe kulobubusuku.

19 Siphe, Nkosi, ukuthi labo abathi ukubuna, bawela endleleni, lezo zandla ezibuthakathaka ebezilokhu zilenga, labo ababandayo futhi abangenandaba njengoba belindele ukuFika, sengathi bangathatha isibindi esisha kulobubusuku, futhi bavuke emandleni eNkosi.

20 Nkulunkulu, siphe ukuthi Uzopha okuthize, isibusiso kulaba omakhelwane, kulobubusuku, lokho kuzoqala imvuselelo yemfashini endala kuwo wonke amakhaya, kuwo wonke amabandla, nakuyo yonke indawo ezweni lonke. Nkosi, siyaqonda kuthi asinaso isikhathi esiningi kakhulu esisele, ngokwe—ikhalenda lesikhathi, ukusebenza, ngoba ilanga liyashesha ukushona futhi isikhathi sokuphela siseduze.

21 Ngakho-ke sisize ukuba siziphathe, kulobubusuku, njengabantwana baKho abathandekayo. Futhi sebenze ngathi ngoMoya oNgcwele, ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, uJesu. Amen.

22 Ngifisa ukusondela eZwini manje, umBhalo omncane nje engisebenzisa wona, ngokuvamile, ngobusuku bokuqala, ukwethula kini ubizo engilunikwe nguMoya oNgcwele.

23 Futhi, ngokuqinile ukuba ngokholelwa eZwini likaNkulunkulu laPhakade ngokugxilile: ngikholwa ukuthi konke okulotshwe nguNkulunkulu kuyingxenye yaKhe uqobo! Ngiyakholwa ukuthi umBhalo uthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Ngakho-ke, leliZwi liyingxenye kaNkulunkulu. Futhi uma sizosondela kuLo kanjalo: sisondela eZwini laKhe sengathi besisondela kuYe!

Ngokuba akekho ongcono kunezwi lakhe. Uma bengingenakuthatha izwi lakho, bengingeke ngikukholwe ngalutho; okufanayo kufanele ngami.

24 Futhi yileyondlela engenza ngayo ngoNkulunkulu. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, futhi uma EnguNkulunkulu uSomandla, Ufanele ahlale esithembisweni saKhe sokugcina isikhundla saKhe njengoNkulunkulu uSomandla. Angeke enze isithembiso, bese-ke esibuyisela emuva. Ngingenza isithembiso futhi ngidingeke ukuba ngisibuyisele emuva. Uzokwenza isithembiso futhi ufanee usibuyisele emuva, ngoba

singabantu, futhi si—sinesiphelo. Kodwa Yena akanasiphelo. UNkulunkulu akanakuhlakanipha ngokwedlulele, ahlakaniphe ngokwedlulele; Wayephelele kwasekuqaleni. Futhi lapho uNkulunkulu enza isitatimende, siphelele.

25 Futhi uma uNkulunkulu enza isitatimende ngenhlekelele, ngendlela Asondela ngayo kuleyonhlekelele, uma leyo nhlekelele efanayo ivuka futhi, Ufanele asondele kuyo ngendlela efanayo, ngendlela efanayo naleyo Enza ngayo okokuqala, noma Wenza okungalungile ngendlela Asondela ngayo kuyo okokuqala. Niyabo, uma uNkulunkulu ephulukisa abantu abagulayo, kwasekuqaleni lapho inhlekelele yayikhona, lapho uMose engenawo amakhambi ngabagulayo, futhi uNkulunkulu wavusa inyoka yethusi ehlane futhi wenzela abagulayo nabahluphekayo umhlatshelo ngoba kwakukhona inhlekelele; khona-ke uma leyo nhlekelele ifika endaweni futhi lapho kungekho khona amakhambi okusisiza, UNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo kithi, kungenjalo Wenza ngokungalungile ngenkathi Enzela uMose. UnguNkulunkulu; Angeke ashintshe. Akakwazi neze okungaphezulu noma okungaphansi; Uphelele kuze kube phakade.

26 Futhi ngifuna ukufunda ingxenye yeZwi laKhe elitholakala kuJohane oNgcwele 12 nevesi la 20, bese kuba amaHeberu 13:8 okwendikimba:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwabo . . . weza ku . . . umkhosi wo*kukhuleka:
>
> *Okufanayo . . . ngakho* kweza *kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, bamncenga, bathi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

Futhi kumaHeberu 13:8, kulotshiwe:

> *UJesu Kristu nguyena izolo . . . namuhla, naphakade.*

27 Manje sifuna ukubheka kulokhu: Niyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Ungakukholwa lokho ngoba iBhayibheli lisho njalo na? Uma ubukukholwa, ngingathanda ukuba wena, uvele uphakamise isandla sakho, lonke ikholwa. Awu, khona-ke . . . Ngiyabonga. Uma uNkulunkulu eshilo ukuthi Usenguye, khona-ke Ufanele abe nguye, kungenjalo umBhalo unephutha. Futhi uma umBhalo unephutha endaweni eyodwa, ngiyokwesaba ukuWethemba, ngoba Ungahle ube nephutha kwenye indawo. Kufanele konke kube ngokulungile noma konke akulungile.

28 Isibonelo nje uma sonke besikuleli gumbi, kulobubusuku, sibulawa indlala, futhi omunye usozigidigidi omkhulu ubengeza emnyango bese ethi, "Kusasa ngelesishiyagalolunye nqo, ngizonikeza abantu abangamashumi amahlanu, phakathi lapha, inkulungwane yamadola." Akekho owayengaba nokukholwa. Uma ethe, "Ngizonika umuntu oyedwa, phakathi lapha, inkulungwane yamadola, kusasa." Akekho obengaba

nokukholwa. Ungase ube nguye, futhi ungahle ungabi nguye. Indlela kuphela ongaba nokukholwa ngayo, ngukuthi, uthi, "Ngizoninika nonke inkulungwane yamadola." Khona-ke sonke singaba nokukholwa.

"Othandayo, makeze," kusho umBhalo. Kukunoma ubani othandayo; kukuwe uma ufika. Isimemo sinikiwe.

29 Manje sifuna ukuqaphela, lamaGreki enyukela ekukhonzeni, ayenentshiseko yokuthi ayefuna ukubona uJesu. Futhi ngiyakholwa, ukuthi, leso yisifiso sayo yonke inhliziyo yawo wonke umuntu owake wezwa iGama laKhe: bafuna ukubona ukuthi Ubani lowo. Ngiyazi ukuthi kuyisifiso senhliziyo yami. Futhi ngiqinisekile ukuthi yisifiso sayo yonke inhliziyo elapha: "Banumzane sithanda ukubona uJesu."

30 Futhi wathathwa . . . lamaGreki ayiswa kuJesu ngumfundisi ogama linguFiliphu, owahamba walanda u-Andreya, futhi bamyisa kuJesu. Manje, uma isifiso sabo kwakuwukuMbona, futhi bakwazi ukuMbona, nesifiso sethu siwukuMbona, neBhayibheli lathi Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade, manje-ke kungani singenakuMbona na?

31 Manje, edolobheni lakithi, kwakukhona umfana omncane, esikhathini esithile esedlule, owaba nomdlandla kakhulu kuSonto sikole wakhe, futhi ngenkathi eya ekhaya wathi kumama wakhe, "Mama, ukhona yini ongabona loNkulunkulu omkhulu abasitshela ngaye na?"

Wathi, "Buza uthisha wakho kaSonto sikole."

Futhi wabuza uthisha, noma, wakwenza, njalo, wabuza uthisha oyinenekazi, futhi wathi, "Buza umelusi."

Futhi bambuza umelusi, nomelusi wathi, "Qhabo, ndodana, akekho ongabona uNkulunkulu aphile."

32 Awu, umfo omncane, lokho akuzange kugculise intshisekelo yakhe. Ngakho-ke wayevame ukudoba phezulu emfuleni nomdobi omdala, ezansi lapho, ogama lakhe linguWiseheart, wayekade eyidikoni ebandleni lethu. Futhi yena, ngolunye usuku, ehla ngomfula, kwakufike isiphepho; kwakukade kuyihlobo elinezintuli, futhi amanzi ayesegeze wonke amaqabunga; nelanga lase lishona entshonalanga, lapho umdobi omdala, umfana omncane, ehlela ezansi ngemva kokuphonsa amanetha. Futhi kwaqhamuka uthingo lwenkosazana. Futhi lapho umdobi omdala ebuka lolothingo lwenkosazana, umfanyana waqaphela ukuthi izinyembezi ziqala ukugeleza ezihlathini zakhe ezinentshebe.

33 Nezinyembezi ezicwebezelayo eziqathaka entshebeni yakhe emhlophe, zathu ukushukumisa imizwa yomfanyana. Ngakho-ke wagijima esuka ngemva kwesikebhe wangena maphakathi, futhi wawela ethangeni lomdobi omdala, wathi,

"Mnumzane, ngizokubuza okuthile ukuthi, okubonakalayo, akekho ongangiphendula."

Futhi wathi, "Yini, mfana wami na?"

Wathi, "UNkulunkulu mkhulu kakhulu, uNkulunkulu owenza lolothingo lwenkosazana." Wathi, "Ingabe ukhona noma ubani ongabona uNkulunkulu na?"

34 Futhi umdobi omdala, enqotshwe intshiseko yomntwana, wamgona, futhi wathi, "UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane, s'thandwa, konke engikubonile iminyaka engamashumi amane kube uNkulunkulu." Indlela yokubona uNkulunkulu ukuthola uNkulunkulu ngaphakathi, bese-ke Ebheka ngamehlo akho. Khona-ke uyaMazi, ungaqonda, Uyozembula.

35 UJesu wathi, "Kuseyisikhashana, izwe, lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Noma ubani ofunda imiBhalo uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Bese-ke isethembiso sikaJesu, ngeZwi laKhe uQobo: ukuthi lapho—kuyoba khona abantu ababeyoMbona aze Abuye futhi ekupheleni kwezwe. "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona, ngokuba Ngi. . ." (isabizwana somuntu) ". . .zoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, ngabe lowomBhalo uqinisile na? Noma Wayemane egcona abafundi na? Uma Wayegcona, futhi encokola, futhi eqhubeka, khona-ke Wayengesiyo iNdodana kaNkulunkulu. Lokho kuphakathi kokuthi kuyiqiniso, noma akulona iqiniso.

36 Futhi manje, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uhlala ezimbalini." Nami ngokunjalo. Kodwa lamaGreki ayefuna ukubona uJesu, ayefuna ukuMbona. Manje, Wathi, emiBhalweni, emiBhalweni, ukuthi, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Manje, ngempela ukuvumela lesisitatimende, manje-ke, besizofanele sibuyele emBhalweni futhi sithole ukuthi uJesu wayeyini izolo, uma sifuna ukwazi ukuthi Uzoba yini namuhla.

37 Manje, ngifuna ukunibuza, izethameli, kulobubusuku, lokho bekungeke yini kube yinto elungile phambi kweMethodisti, iBaptisti, iKatolika, neProtestane no*kunye-kunye* na? Ngamunye ethi, "Ibandla lami likholelwa nga*le*ndlela." "Ibandla lami likholwa nga*le*ndlela." Okulungile ngokuphelele, kodwa uma ngempela ufuna ukubona ukuthi Wayeyini izolo, ukuze wazi ukuthi Uyini namuhla, ngukubuyela emBhalweni futhi ubone ukuthi Ubeyini izolo. Khona-ke asinalo izwi lebandla, sineZwi likaNkulunkulu uQobo ngakho.

38 Manje, Abeyikho izolo, Ufanele ahlale enguye namuhla, kungenjalo Akasuye onguye izolo nanamuhla. Manje, esithembisweni saKhe Wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza; okungaphezu kwalokhu niyakukwenza," Ngiyazi iKing James, lapha, ithi, "okukhulu," kodwa thola elilungile,

ihumusho lasekuqaleni kukho, Lithi "okuningi." Akekho owayengenza okukhulu; Wamisa imvelo, wavusa abafileyo, waphulukisa abagulayo, o, Wenze konke. Ngeke wenze noma yikuphi okukhulu, kodwa uNkulunkulu, uMoya oNgcwele uyoba seBandleni emhlabeni jikelele, emhlabeni wonke ngesikhathi esisodwa. Njengawo wonke amanzi olwandlekazi. Lokho yi . . .

39 UNkulunkulu wanika uJesu uMoya ngaphandle kwesilinganiso. KuYe kwakuhlala ukuGcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. IBhayibheli lasho ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu enza ukuba izwe libuyisane naYe. Kodwa lapho Enika uMoya waKhe kithina madodana okutholwa, Usinika ibhakede eligcwele kulolo lwandlekazi. Wayenakho konke ukuGcwala kobuNkulunkulu; sinengxenye yaKho nje, njengesiphiwo, sikaMoya oNgcwele.

40 Kodwa uma ngithatha ibhakede elilodwa eligcwele amanzi olwandlekazi, noma ngisho isipuni setiye salo, olwandlekazi, amakhemikhali afanayo akulo lonke ulwandlekazi, ayoba kuleso sipuni esigcwele. Yiba ngaphansi ngobuningi, ungabi ngaphansi ngekhwalithi. Ngakho-ke uMoya oNgcwele ofanayo owawukuKristu useBandleni laKhe.

41 Manje, lalela, ukukuqinisela lokho. Wathi, "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Manje, u—umvini awutheli isithelo. Umvini uhlanza igatsha kuphela futhi igatsha lithela izithelo. Ngakho-ke, indlela kuphela uJesu abengakhuluma ngayo kulobubusuku, bekuyoba ngezindebe zami noma izindebe zakho, izandla zami noma isandla sakho, impilo yami noma impilo yakho. "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Akasatheli izithelo, Uvele ahlanze iBandla laKhe futhi lithele izithelo.

42 Manje, hlobo luni lwesithelo elaliyosithela na? Uma ukuPhila okwakukuYe kuseBandleni laKhe, kuyothela uhlobo olufanayo lokuPhila Aluthela ngenkathi Elapha. Uyaqonda na?

43 Qaphelani, uma uya emvinini wamagilebhisi, ungalindela ukuthola amagilebhisi. Futhi ezansi eningizimu, angazi noma ninawo lapha, sinamathanga ezansi lapho. Futhi uma uya emvinini wethanga, ulindele ukuthola amathanga, uma kungumvini omuhle, ovundile. Ikhabe, uyothola amakhabe emvinini wekhabe.

44 Futhi uma siza eMvinini, uKristu, ibandla laKhe, sitholani na? Ukuxabana, ukuphikisa, izimpikiswano ngesayense yezenkolo, inzondo, inhliziyo embi, ukuxabana; futhi lokho sikubiza ngemisebenzi kaNkulunkulu. UmBhalo uthi akunjalo. "Lokhu, bonke abantu bayokwazi uma ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye." Uthando lukaNkulunkulu eBandleni laKhe, lwenza lonke ilungu libe yingxenye yaKhe,

khona-ke phezu kwalelodwala nalelosisekelo, Wakha iBandla laKhe.

45 Qaphelani, manje funa ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, amahora angachithwa kulokho, ngikhombisa lokho Akwethembisa, kodwa manje, indaba ingukuthi: Ngabe Usenguye namuhla lokho Ayeyikho ngaleyonkathi na? Ingabe Usenguye ngayo yonke indlela, umzimba wenyama kuphela na? Manje, lapho umzimba waKhe ufika, khona-ke sizobuyela ekhaya naYe.

46 Ngokuba umzimba waKhe uvusiwe futhi uhlezi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, kulobubusuku, ukwenza ukunxusela esivumelwaneni sethu. UngumPristi, umPristi oMkhulu wesivumo sethu, amaHeberu 3:1. Khona-ke Uhlezi lapho njengomPristi oMkhulu. Futhi mangikusho lokhu: akakho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, ngaphandle kukaJesu Kristu; umBhalo usho njalo. Futhi nguYe kuphela Oma phakathi kukaNkulunkulu nabantu ukwenza ukunxusa. Futhi umBhalo uthi Yena ungumPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu.

47 Manje, asibuyele emuva futhi sibone ukuthi Wayeyini. Ngifunde kuJohane oNgcwele 12. Manje, kini bantu abathandekayo lapha abavela e—ezifundeni kanye nedolobha elizungezile, uma ufika ekhaya kulobubusuku, noma ekuseni, ekuthuleni kosuku, nina besifazane, lapho umyeni wakho esemsebenzini, noma wena, mnumzane, ngaphambi nje kokuba ulale kulobubusuku, noma kusasa ebusuku, ngehora lakho lasemini, uma uphethe iBhayibheli lakho, phenya kuJohane oNgcwele 1, futhi asithole lokho Abeyikho izolo. Manje, noma yimuphi owe—owemiBhalo uyoMmemezela, kodwa sifunda kuJohane oNgcwele 1.

48 Emva kokuba Esebhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu wafika futhi wabonakaliswa, izinsuku ezingamashumi amane ehlane, Waphuma, futhi Uqala inkonzo yaKhe.

49 Manje, ngifuna ukukubuza umbuzo, futhi ngifuna ungiphendule ngokuphakanyiswa kwesandla sakho. Uma singathola ukuthi Wayeyini izolo, futhi Uzoza lapha kulobubusuku phakathi kwenu bantu futhi Azimemezele efana namuhla njengoba Ubenjalo izolo, bangaki kini abazoMemukela na? Asibone isandla sakho, sikhuphukele emoyeni manje, lonke ikholwa. Ngiyabonga. Ake sibheke ukuthi Wayeyini.

50 Manje, indawo yokuqala, isizathu esenza lesi sigigaba siqhubeke namuhla, kungenxa yokuthi lokhu ukuphela konyaka webandla labeZizwe. Manje, noma yisiphi isifundiswa siyakwazi lokho; ukuthi sisekupheleni. Ngenkathi uJesu elapha esemzimbeni wenyama, Akazange aye kwabeZizwe. Futhi Wenqabela abafundi baKhe ukuya kwabeZizwe. Wathi,

"Angithunyelwanga kubo; kodwa yanini ezimvini ezilahlekileyo zakwa-Israyeli. Futhi lapho nihamba, shumayelani, nithi, 'UMbuso ususondele,' kanjalonjalo." Futhi Akabavakashelanga neze abeZizwe ngoba kwakukhona ibanga leminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukubiza ibandla liphume, kuzo zonke izizwe.

51 Kodwa kuJohane oNgcwele 1, sithola ukuthi kwakukhona indoda, eyasindiswa, futhi masinya, yahamba yalanda umfowabo. Manje, leso yisibonakaliso esihle sokuthi wasindiswa: wahamba walanda umfowabo.

52 Futhi ngenkathi eletha umfowabo kuYe, uJesu, wayengumdobi, neBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile. Wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe. Futhi lapho efika eBukhoneni beNkosi uJesu, uJesu wathi kuye, "Igama lakho unguSimoni, futhi igama likayihlo nguJonase." Ucabanga ukuthi lowo mdobi ongazi lutho nongafundile wacabangani, lapho uMuntu Owayengakaze ambone empilweni yakhe, noma wayengakaze ambone loMuntu, ngenkathi engena eBukhoneni baKhe, wamtshela ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani na? Ngabe ukhona owake wakufunda lokho emBhalweni na? Impela: UJohane oNgcwele isahluko 1, cishe ivesi 8.

53 Futhi le ndoda yaMbuka futhi iba yinceku yeNkosi uJesu; igama layo lalithiwa uKhefase yiNkosi uJesu, kamuva. Futhi lowo kwakunguPetru oNgcwele, indoda eyayingakwazi ukusayina igama layo siqu, indoda eyayithiwa engazi lutho futhi engafundile, yanikwa izihluthulelo zoMbuso esandleni sayo.

54 Manje, niyabona ukuthi senzeni ngakho na? Sizamile ukufundisa abantu kuKristu. Usungavele ukukhohlwe nje. Alukho olunye uhlelo oluzolwenza ngaphandle kohlelo lwemfashini endala, ukuzalwa okusha. Ukuzalwa ngokusha yiyona ndlela kuphela okuyoba yiyo. Sizamile uku—ukubafundisa; sizamile ukwenza umphakathi, kanjalonjalo, ukuletha abantu ebuzalwaneni. Futhi kubahlukanisa kude le kuNkulunkulu. Futhi siba ngababandlululayo, futhi sakhe izindonga zehlelo, futhi sizehlukanise nabanye abazalwane.

55 Kodwa oluhle ngempela, udaba lwakudala lombhaphathizo kaMoya oNgcwele enhliziyweni yakho, kuyokwenza ukhohlwe ukuzidla kwakho. Kuyokwenza owesudi yedina agaxe owepheya lama-ovaroli bese embiza, "Mfowethu." Izokwenza owengubo kasilika agaxe okaliko, athi, "Dadewethu." Kwenza okuthile ngaphakathi kuwe okudlula umqondo wobuhlakani; ngukuzalwa komoya okuhlala enhliziyweni yomuntu.

56 Manje, kwathi nje Esekutshele uSimoni lokho, waba yinceku yaKhe. Khona lapho, khona-ke, uFiliphu washisekela kakhulu futhi wathi unomunye umngane, futhi wazungeza intaba, amamayela ayishumi nanhlanu, ukuthola umngane wakhe

uNathanayeli. Ake simlandele imizuzwana embalwa nje. Futhi uya kuye futhi mhlawumbe uNkk. Nathanayeli wayesendlini, futhi uthi, "Uphi uNathanayeli na?"

"O, uphumele engadini yezithelo esikhashaneni nje esedlule."

57 Uyaphuma engadini yezithelo, futhi lapho uthola uNathanayeli laphaya ngaphansi komuthi, njenganoma yimuphi umuntu omuhle othembekile, ekhuleka. Njengomnumzane ohloniphekile ongumKristu, ngokusobala wayengeke amphazamise lapho esakhuleka. Emva kokuba eseqedile, ngiyambona nje uNathanayeli esukuma futhi ethi, "Awu, uma lapha kungesuye uFiliphu."

Manje mbhekisise; unomyalezo. Ngaphandle kokwemukela ukwethulwa kwakhe nanoma yini, wathi, "Woza, ubone esiMfumene."

58 Ngiyazibuza ukuthi kwakuyokwenzekani uma leliqembu elincane labantu, lapha kulesisakhiwo kulobubusuku, bekungashisekela kangako ngoJesu. Ngiyazibuza ukuthi bekuzokwenzekani uma elinye lalamabandla amancane lapha belingaba nentshisekelo ngoJesu, ukuthi konke kusenhliziyweni yakho, wena u—wena ungowokuqala owokuqala, futhi lowo nguNkulunkulu. Into yokuqala nguJesu. "Woza, ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

59 O, manje, niyazi, lomfo lapha, uNathanayeli, wayengoweligcina umthetho, eqondile kakhulu, umfo olungileyo. Futhi ngiyamuzwa ethi kuFiliphu, "Manje, ake ulinde umzuzu nje, Filiphu. Kufanele ukuthi uhambe ekugcineni okujulile kokuthile. Uqonde ukungitshela ukuthi iNdodana kaNkulunkulu izophuma eNazaretha, leloqembu elincane labantu ezansi lapho elikhohlakele na? Uma iNdodana kaNkulunkulu, uMesiya, ibilapha, Ibizofika ethempelini. Ibiyofika e . . . eJerusalema futhi hhayi eNazaretha."

Lokhu ngikusho ngothando nangenhlonipho, kodwa leyo yindlela efanayo abacabanga ngayo namuhla, abakwazi ukukholwa.

O, wena Katolika ubungathi, "Wayezoza eDolobheni laseVatican; Wazisa upapa."

Nani maPresbyterian beniyothi, "O, Wayengazisa umbhishobhi"; kanjalonjalo, sonke.

60 Kodwa uNkulunkulu wenza izinto ngendlela yaKhe uQobo. Futhi kuhlale kuphambene nendlela abefundisi basesontweni abakucabange ngayo, njalo. Nina bosomlando niyakwazi lokho. Akukaze kunoma yimuphi unyaka abefundisi basesontweni abake baba nakho kahle.

61 Kini maKatolika . . . Kini maProtestani kuqala: Kuthiwani ngo-Eliya na? Abakholwanga ukuthi waya eKhaya ngenqola.

Bathuma abantwana babo abancane ukuba behle emva kuka-Elisha, bethi, "Wena mpandla, kungani ungazange ukhuphuke na?" Futhi umprofethi wabaqalekisa labobantwana. Futhi isiqalekiso sehlela phezu kwabo, futhi amabhere amabili esifazane abulala abantwana abancane abangamashumi amane nambili.

62 Kuthiwani ngoMose na? Ngenkathi uJesu wayelapha, Wathi, abafundi basho kuYe, bathi, "Kungani abaBhali bethi, abefundisi, kungani bethi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?"

Wathi, "Usevele ufikile, futhi animazanga." Futhi bazi ukuthi Wakhuluma ngoJohane umBhaphathizi.

63 Manje, kinina Katolika. Kuthiwani ngoPatrick oNgcwele na? Ingabe ibandla lamqonda na? Babecabanga ukuthi wayengumthakathi. Kodwa emva kokuba esefile, nomlayezo wawusunikeziwe, khona-ke ibandla lamamukela. Kuthiwani ngoFrancis oNgcwele wase-Assisi na? umshumayeli ehamba egodle iBhayibheli ekhwapheni lakhe, owabhikishela ibandla eliKatolika. Ngenkathi eyoshumayela ezansi ekhoneni ngalolosuku, ngenkathi izinyoni ezincane zazimpongoloza, wathi, "Bodade, yimani nithule; thulani ngenkathi ngisashumayela." Futhi bamlalela. Futhi emva kokuba esefile, manje usegcotshwe njengongcwele ebandleni lakho.

64 Kuthiwani ngoJoan of Arc na? Noma iyiphi intombazane yesikole ibiyokwazi ngaye, intombazanyana eyabona imibono, neziNgelosi, futhi yaba nezambulo. Nebandla lakho, ibandla eliKatolika, lamshisa esigxotsheni, ekhalela umusa, bembiza ngento efanayo ababiza ngayo uJesu, uBelzabule, umthakathi. UJoan of Arc washiswa njengomthakathi esigxotsheni yibandla lamaRoma aKatolika . . .?. . .

65 Futhi cishe eminyakeni eyikhulu kamuva bathola ukuthi wayengesuye umthakathi; wayengongcwele. Kodwa uNkulunkulu wathumela umlayezo waKhe wedlula, ngokufanayo nje. Futhi behluleka ukuwubona. Babengazi ukuthi yayiNgubani iNdodana kaNkulunkulu kwaze kwaba Yayisifile, yembelwa, yaphinde yavuka futhi. UNkulunkulu uyazibusa; Wenza imisebenzi yaKhe. Futhi elaKhe . . . Ibandla kumele livuke, lapha kulezizinsuku zokugcina. Kuyinto edabukisa kakhulu.

66 Emavikini ambalwa edlule edolobheni lami laseLouisville, kwakukhona inenekazi lihambahamba, nengane encane, esitolo sezinto zikasheleni. Futhi laliyibonisa izinto, lithi, "Bheka, s'thandwa." Nomfo omncane wagqolozela. Futhi laliyomkhombisa okuthile, "Manje, bheka, s'thandwa." Nomfo omncane wayelokhu egqolozele. Waqonda ngqo ekhawunteni eyayinokhehlekhehle omncane owawukhala, futhi wawunyakazisa phambi kwakhe. Nomfo omncane wavele

wagqolozela ngqo ebangeni. Futhi wawela phezu kwekhawunta ekhathele futhi ekhala.

67 Futhi abanye abantu baya kuye ukuze babone ukuthi yini eyayingalungile. Wathi, "Kungekudala uvele wathatha indlela yokugqolozela, ebheke phambili ngqo." Wathi, "Uyisidalwa esingumuntu esincane, futhi ufanele aqaphele izinto eziphathelene nalempilo yomuntu. Udokotela ungitshelile, esikhashaneni esedlule, ubengcono, kodwa," wathi, "akangcono."

68 Futhi ngiyazibuza ukuthi lokho akusiyo yini nje indlela yebandla namuhla. UNkulunkulu unyakazisa yonke inhlobo yesipho phambi kwebandla, futhi livele lihlale ligqolozele, lithi, "Awu, ngicabanga ukuthi lokho kuhle impela; uma bekusehlelweni lami, besingahle sikwemukele."

69 Aniboni na? Ngokomoya, esikhundleni sokukhubazeka ngokwengqondo, ibandla lihlezi. Kube khona oBilly Grahams, kube khona o-Oral Roberts, kube khona amadoda amakhulu, oJack Shuler, no*kunye-okunye*, eminyakeni embalwa edlule, lokho kukame lesi sizwe. Futhi noma kunjalo bona, ibandla lihlezi nje: "Awu, ngiyi *lokhu*." Noma, "Ebandleni lami . . . " Uyayithola leyo mibono.

70 NoNathanayeli waba nombono ofanayo. Wathi, "Manje umzuzu nje, uma kukhona okuhle okungavela eNazaretha, kwakungeke kube iNdodana kaNkulunkulu, Wayezoza kumpristi omkhulu."

71 Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu wamnika impendulo ezedlula zonke noma ubani ayengamnikeza yona, wathi, "Woza ubone." Manje lokho kunengqondo, kunomqondo, kahle, "Woza uzozibonela; ungahlali ekhaya. Phuma futhi uzozitholela wena. Woza ubone."

Futhi ngizokutshela ukuthini . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . futhi ngaphandle kwalokho, Wamtshela ukuthi uyise wayengubani nokuthi wayengubani igama lakhe."

"O, manje umzuzu nje," UNathanayeli uyothi kuFiliphu, "Filiphu, ngikholwa ukuthi uhambe endaweni ejulile."

"Woza uzozitholela wena."

72 Bangena esixukwini lapho uJesu ayekhona. Bona . . . mhlampe babephandle e—ezethamelini, noma mhlawumbe babesemgqeni womkhuleko. Lapho uJesu embona okokuqala, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

73 Manje, khumbulani, okokuqala kwenkonzo yaKhe: nangu EZethula esizukulwaneni samaJuda ngalendlela. "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

"Awu manje," ubungathi, "indlela ayegqoke ngayo . . . "

Qhabo, wayengaba umArabu, wayengaba umGreki, iningi lanoma yisiphi isizwe; bonke abasezweni elingasempumalanga bagqoka ngokufanayo.

Wathi, "Bheka umIsrayeli . . ." Wayazi kanjani ukuthi wayengumIsrayeli na? " . . . okungekho inkohliso kuye!"

74 Futhi lapho Esesho lokho, kwammangaza kakhulu, wathi: "Rabi, Ungaze nini na? Angikaze ngiKubone, futhi Awukaze ungibone. Ungaze nini na?"

Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona."

Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo uyakusho lokho na? Lowo kwakunguJesu izolo; yileyondlela Azazisa ngayo Yena uqobo kumaJuda.

75 Manje, o, kwakukhona labo ababemi eduze, okwakungamabandla amakhulu aphakeme, angagcina umthetho; uyazi ukuthi bathini na? Enhliziyweni yabo bathi, "Lendoda ingumbhuli. UnguBelzebule. Ufunda ingqondo yabo." Bakusho lokho enhliziyweni yabo, futhi uJesu wayibona imicabango yabo.

76 Futhi Wathi . . . Lalelani, Akushoyo: "Ngiqinisile, Ngithi kini, nikhuluma lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngiyonithethelela ngakho. Kodwa lapho uMoya oNgcwele esefikile ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokho na? Manje-ke simi kuphi kulobubusuku uma Ezimemezela Yena uqobo ngoMoya oNgcwele ukuthi Usenguye nje na?

77 Ezinsukwini ezimbalwa kamuva siyaMthola kuJohane oNgcwele isahluko se 4. Ngaphambi nje kokuvala. Futhi siyaMthola esahlukweni se 4 sikaJohane oNgcwele. Manje Akazange aye kwabeZizwe. Akazange enze leso sibonakaliso nakanye kwabeZizwe, kumaJuda kuphela. Kodwa nakhu la Ekhona, phambi kwamaSamariya. Futhi Wabamukisa abafundi baKhe, ngoba Wayekhathele, futhi Wahlala phansi endaweni encane ebonakala sikhathi sinye, into efana na*le*, *lapha*, lapho okukhona i . . . Uma uke waba lapho, umthombo uselapho, ngaphandle nje kwesango laseSamariya. UJakobe wawumba.

78 Futhi kwasekuthi akube semini, futhi abafundi bangena emzini ukuyothenga ukudla. Futhi ngenkathi sebehambile, uJesu ephumule, ngoba Wenza ukushumayela, nokuphulukiswa kwabagulayo, kanjalonjalo, Wayekhathele futhi ekhandlekile. NoBaba, akungabazeki, wayeMtshele ukuba aye lapho. Ngoba kuJohane oNgcwele 5:19, Wabuzwa ngokuphulukiswa komuntu, futhi Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Bangaki abake bakufunda lokho na? UJohane oNgcwele 5.

79 Khona-ke uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso kwaze kwaba yilapho uNkulunkulu eMbonisa ngombono lokho okufanele akwenze kuqala. Nakho-ke, uJohane oNgcwele 5:19, "Angenzi lutho ngokwaMi, kodwa eNgibona uBaba ekwenza. UBaba uyasebenza naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Yilokho Akusho.

80 Manje, Nangu, uBaba wayeMthumele phezulu lapho eSamariya, na—nabafundi base bengenile emzini. Futhi ake sicabange ukuthi wayengowesifazane osemusha omuhle. Uyaphuma, nakuba wayenodumo olubi, waphuma ukuba ayokha amanzi. Kwathi lapho eseqalile ukwehlisa imbiza . . .

81 Uma wake waba semazweni asempumalanga, bangawathwala ekhanda nasezinqulwini. Nabesifazane bonke baphumela lapho, futhi banesigwedlo; futhi baphonsa lelihhuku elincane kuwo, futhi behlise futhi bathole ujeke ogcwele amanzi, futhi babeke owodwa phezu kwekhanda labo, nomunye enqulwini ngayinye. Futhi bahambahambe ngqo, bekhuluma, njengoba nje amanenekazi engenza, futhi bangalokothi bachithe neconsi lamanzi, lowojeke omkhulu olungamagalane amabili noma amathathu uhlezi phezu kwekhanda labo, nowodwa enqulwini ngayinye. Futhi bavele bahambisane nje, bekhuluma.

82 Futhi lona wesifazane uyaphuma ukuyokha amanzi akhe, mhlasimbe, uma nazi: wayengowesifazane onodumo olubi, ngakho-ke wayengeze lapho lapho abanye, abesifazane babelapho. Babengahlangani ndawonye njengoba benza namuhla.

83 Futhi lapho ephumile ukuyokha amanzi, wabuka laphaya, futhi nakho kuhlezi iJuda, iNdoda eyayineminyaka engamashumi amathathu-nambili kuphela ubudala, kodwa Yayibukeka sengathi Yayinamashumi amahlanu. UJohane oNgcwele 6, ngenkathi Esho, phakathi lapho bathi, "Uthi wawumkhulu kuno—kuno-Abrahama na? Kanti wena awukabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala namanje? Siyazi manje ukuthi unodeveli."

84 Futhi Wathi, "Engakabibikho u-Abrahama, NGIKHONA." Futhi lowo NGIKHONA wayeyiNsika yoMlilo esihlahleni esivuthayo (Niyakwazi lokho na?), iNgelosi yesiVumelwano. Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi ngibuyela kuNkulunkulu." Kunjalo lokho na? Bese kuthi leyoNsika yoMlilo, iNgelosi yesiVumelwano (ukuthi uMose washiya iGibithe, ethi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo, ingcebo yaseGibithe), kwase kuthi ngenkathi Enziwa inyama futhi wahlala emzimbeni lapha, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu futhi Ngiya kuNkulunkulu." Kunjalo lokho na?

85 Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa nokuvuka, UPawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku ukuze

abophe labo bantu ababebanga umsindo ongako. Futhi Into ethize yamshaya phansi: INsika yoMlilo imi lapho, Yamphuphuthekisa. Futhi Yathi, “Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?”

Wathi, “Ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguJesu.” Wabuyela kuBaba futhi: INsika yoMlilo. Lowo ngumBhalo.

86 Kamuva Wangena etilongweni lapho benomhlangano womkhuleko endlini kaJohane Marku, futhi wavula iminyango phambi komphostoli uPetru wase emkhulula.

87 Futhi ngixoleleni lokhu uma kubonakala sengathi kuthinta umuntu siqu. Kulesi sithombe kulobu busuku, ubona i . . . hhayi esami, kodwa nibona iNsika yoMlilo efanayo, ukuthi uGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI washo njalo: YiSidalwa esingaphezu kwemvelo esithwetshuliwe kuphela esake safakazelwa; silenga eWashington, DC eHholo Lezenkolo Lezobuciko, negama likaGeorge J. Lacy lisayinwe kuso; okuwukuphela kweSidalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa. IGermany inaso manje, ngenkathi besithathile ngonyaka odlule.

88 Uma Kunjalo, Kuyokwenza izinto ezifanayo oKwazenza emuva lapho, ngoba KunguMvini, futhi uma Kuxhunywe emagatsheni, kuyoveza amandla afanayo, noBukhona obufanayo, nemisebenzi efanayo. Kufanele, ngokuba Usenguye.

89 Manje, bhekisisani imisebenzi yaKho futhi nibone ukuthi KunguYe noma qha. Kwehlulele ngesithelo oKusithelayo. Uma KunguMoya ofanayo, khona-ke Kuzokwenza into efanayo. “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.”

Futhi nangu Ehlezi emthonjeni, futhi lona wesifazane wayemi lapho, futhi Wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.”

Futhi wathi, “Sinokwehlukana lapha. Akuwona umkhuba kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo. Ngingowesifazane ongumSamariya.”

Wathi, “Kodwa sifazane, ukuba bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela kiMi okuphuzwayo.”

90 Futhi wathi, “Uthi umthombo ujulile, futhi aWunalutho lokukha, futhi wena Umkhulu kunobaba wethu uJakobe owemba umthombo, nezinkomo zakhe ziyaphuza?” kanjalonjalo.

Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Futhi kwathi nje Esethole lapho inkathazo yakhe yayikhona, Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, bese uza lapha.”

Wathi, “Mnumzane, anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo; unayo . . . ubunayisihlanu; futhi le ohlala nayo akuyona eyakho.”

91 Manje, wathini na? "Wena u—wena unguBelzebule"? "Ufunda ingqondo"? "Ungumbhuli"? Qhabo, wayazi kakhulu ngeVangeli kunohhafu wabashumayeli e-United States, eyisifebe. Wayazi kakhulu ngakho kunabapristi abafundileyo norabi bosuku lwakhe. Bhekisisani ukuthi wenzeni lona wesifazane oyisifebe. WaMbuka ngqo ebusweni, wayesethi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzozenza lezizinto." Ingabe leso isibonakaliso sikaMesiya na? "Lapho uMesiya efika, siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi lokhu kuzoba yisibonakaliso sika—sikaMesiya. Lapho Efika, Uyokwenza lezi zinto. Kodwa Wena unguBani na?"

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, kufanele kube okufanayo namhlanje, uma Ehlala enguye, ezimemezela Yena uqobo.

Kukhona kokubili umJuda nomSamariya. Wazimemezela Yena uqobo.

Wenzani na? Wagijima wangena emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu, ongitshele izinto engizenzile: akusuye yini Lo yena kanye uMesiya na?"

92 Singacabangani thina maKristu ngakho kulobubusuku uma Enze lokho na? Ngiyazibuza nje. Cishe uyovuka ngoSuku lokwaHlulela futhi alahle izifundiswa eziningi, nabashumayeli, nabapristi namuhla. Wakuqonda.

Futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu, Ongitshele izinto engizenzile: akusuye yini Lo uMesiya na?"

Futhi kwaphuma amadoda, futhi lapho beMzwile bakholiseka ukuthi kwakunguMesiya.

93 Manje, qaphelani, Wenza lokho, lesosibonakaliso kumJuda, ukufakazisa kumJuda, ukuthola abaKhethiweyo; futhi wabeka uphawu ekulahlweni, umpristi, norabi, nongakholwayo. UFiliphu, bonke abanye baMkholwa.

Kwase kuthi-ke ngenkathi EZazisa kumSamariya, Wenza into efanayo.

94 Kodwa Akakaze akwenze nakanye phambi koweZizwe, futhi wakwalela ukuba kwenziwe. Kungani na? Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili isifikile manje ukuba abeZizwe bathole ukuqeqeshwa nokufundiswa.

95 Kodwa ekupheleni kwesimiselo sesikhathi samaJuda, ngaphambi kokuba bahlangane nesiphithiphithi, uma Azimemezela Yena uqobo ngaleyondlela kumaJuda ukufakazela ukuthi WayenguMesiya, futhi Wenza ngaleyondlela ukukufakazisa, Ufanele enze into efanayo ekuvalweni koweZizwe noma Akayena izolo, namuhla, naphakade.

Niyaqonda na? Phakamisani izandla zenu uma niqonda. Niyakuqonda lokho kuyiqiniso. Ufanele akwenze.

96 Wayengenakukwazi ukwenza kumaJuda, ukuze azimemezele Yena uqobo ngaleyondlela ukuba ngumJuda, kukho kokubili . . . Kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu; lowo ngumJuda, umSamariya noweZizwe; Abantu bakaHamu, uShemu, kanye noJafete, amadodana amathathu kaNowa. Yilokho kuphela okukhona. Ngakho-ke kuHa- . . . kuHamu nakubantu bakaJafete, noma, abantu bakaShemu, njalo, Usevele Wazimemezela futhi wabashiya abeZizwe kulonyaka, futhi ekuvaleni kwawo ngqo, lapho amaSputniki esezibhakabhakeni nombhalo wesandla usodongeni, nezizwe zithuthumela, lapha Uphakathi kwethu, enesithombe saKhe sithathiwe.

97 Izwe lesayensi limile kungakhulumeki kukho. "Akekho ongeza," Wathi, "uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." UJesu akazange afele ukusindisa umhlaba wonke, Wayefuna, kodwa Wafa ukuze asindise labo uNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, azi ukuthi babeyosindiswa. Akubona bonke abantu abayoza kuYe.

98 UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe. Udeveli uthatha ongakholwayo wakhe kodwa neze umoya, usala uqhubeka, kwabanye. Futhi leyo mimoya yomibili iyalwa khona manje. Futhi Unguye izolo, namuhla naphakade.

99 Isicaphuno esisodwa futhi uma uzoyigcina isikhashana nje. Ukuze nina bantu . . . Ubusuku obubodwa nje, futhi anizukuba ne, nonke, ithuba lokuba phezulu emgqeni womkhuleko. Manje, lalelisisani njengoba ngivala.

100 Nginifundele, futhi ngacaphuna, nina, eZwini likaNkulunkulu laPhakade. Futhi uJesu wathi . . . Bangaki abaziyo ukuthi uJesu wayengazisho ukuba umphulukisi na? Niqonde ukuthi anikukholwa lokho na? IBhayibheli lathi, uJesu wathi, qobo lwaKhe, "AkuMina owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi."

101 UJohane oNgcwele 5:19, Wadabula indawo enkulu lapho kwakukhona izinyonga nezimpumputhe ngokuphindwe kashumi, abantu abahluphekile, ohlezi kulesisakhiwo kulobubusuku, esangweni elihle lechibi. Izinyonga, izishosha, izimpumputhe, abashwabene, futhi nangu Eza edabula kulesosixuku, eqalaza, waze Wathola umuntu elele ohlakeni. Futhi Wathi, "Uyathanda ukuphiliswa na?" Kungani Engashongo, koyinyonga noma endodeni eyimpumputhe na?

102 Futhi wathi, "Anginamuntu ongangifaka emanzini, Mnumzane, lapho ngiza . . . " Wayekwazi ukuhamba. Wayeseneminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili; kwakungezukumbulala; kwakubambezelekile. Wathi, "Lapho ngiza ngasemanzini, omunye umuntu uyangeqa."

Wathi, "Thatha umbhede wakho uqhubeke." Wahamba lapho. Bona . . .

Futhi orabi nabapristi bamqukula. Ngakho-ke uJesu wabuzwa. Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini . . . "

Ngaphandle kwalokho, "Kungani ungababaphulukisi bonke abanye na? Kungani ungenzi *lokhu* na? Ukwenzeleni lokhu ngeSabatha na?"

103 Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile . . . " (Lokho ngukuthi, "Impela, impela.") " . . . Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza."

104 UBaba waMkhombisa ukuthi indoda yayilapho, futhi ikulesosimo; into efanayo Ayenza, owesifazane emthonjeni; ngesikhathi esifanayo Wenza kuFiliphu; emuva. Lowo kwakunguNkulunkulu esebenza ngeNdodana yaKhe. Manje, kulobubusuku, uNkulunkulu usemhlabeni jikelele kulo lonke iBandla laKhe njengoMvini, futhi singamagatsha.

105 Manje, kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi owayengakwazi ukufika kuYe. Futhi ngaphakathi kwakhe wathi, "Uma ngingathinta ingubo yaleyoNdoda, ngizosinda."

106 Futhi wacindezela esixukwini, kumpristi wakhe, futhi waze wafika lapho Ayekhona. Futhi wonke umuntu eMbambatha emhlane, "Rabi, siyajabula ukuba naWe ngapha." Wayesendleleni yaKhe eyovusa indodakazi kaJayiru. Nalona wesifazane omncane wavele wathinta ingubo yaKhe. Manje, uma uke wayibona ingubo yasePalestine, iyaxega, futhi inengubo yangaphansi. Niyabo? Wayengeke akuzwe lokho, ngokomzimba. Wathinta ingubo yaKhe, wayesesuka futhi wahlala phansi, noma wasukuma, noma ngabe kwakuyini, phandle ezethamelini. UJesu wema wayesethi, "Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?"

Futhi uPetru, ebheka indlela umuntu angabukeka ngayo namuhla, waMkhuza wayesethi: "Ngani, Uthi ngubani oKuthintile na? Wonke umuntu uyaKuthinta."

107 Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi." Othile uthinte ngohlobo oluhlukile lokuthinta, uma kungenjalo. Yilokho ukuthinta esikhuluma ngakho, hhayi umcabango wobuhlakani, kodwa into ethile evela *lapha* ethinta ngempela.

108 O, impela, thina, "NgaMthinta; ngafaka igama lami encwadini yebandla; ngajoyina ibandla; ngabhaphathizwa; ngi . . . " Lokho ukuthinta kulungile; lokho akukhona ukuthinta Akuzwayo.

109 "Ubani oNgithintile na?" Akekho owasho lutho. Futhi Wabuka phandle ezethamelini waze Wathola owesifazane omncane, futhi Wamtshela okwakwenzekile, izinkathazo zakhe ngomopho, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

110 Mfowethu, dadewethu, uma ngingaphinde ngihlangane nawe, kuze kube seSihlalweni sokwaHlulelwa sikaKristu, lapho izenzo ezenziwa emzimbeni ziyobonakaliswa khona, ake nginibuze lombuzo, ningiphendule ngokusile: Uma EngumPristi oMkhulu namuhla ongathintwa ngokuzwa kobuthakathaka bethu, Ubengeke yini adingeke enze ngendlela efanayo Ayenza ngaleyonkathi, uma Enguye na? Ubengeke na? Uma ungahlala kulezo zithameli kanye ne . . .

111 IBhayibheli lithi . . . Bangaki abefundisi lapha abakwaziyo lokho na? Ukuthi iTestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu yasho ukuthi UngumPristi oMkhulu manje ongathintwa ngokuzwa kobuthakathaka bethu na? Nina befundisi phakamisani isandla senu. Niyabo? Abefundisi basesontweni; umelusi wakho uyakwazi lokho. Uyini Yena na? UmPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwa kobuthakathaka bethu.

112 Manje-ke uma Ehlala enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengaphendula kanjani na? Ngokufanayo njengoba Enzile izolo. Mthinte kulobubusuku, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngeke ngibe kulowomugqa womkhuleko; Anginalo ikhadi lomkhuleko, ngakho-ke ngeke ngibizelwe phezulu lapho; kodwa O, Nkulunkulu, mangiKuthinte." Bona ukuthi Wenzani. Bona ukuthi Akasebenzi yini . . . Uma uyingxenye yoMvini qobo lwakho, noMoya waKhe lapha, Uzokhuluma kubuye ngqo, esebenzisa isiphiwo ukubonakalisa futhi afakazise ukuthi Usenguye nje lowo Ayenguye, akunandaba ukuthi ukuphi. Thatha nje uNkulunkulu eZwini laKhe kulobubusuku futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uNkulunkulu uzokubonakalisa. Uma Ezokwenza okunjalo phambi kwenu, angisho ukuthi Uzokwenza, uma Ezokwenza okunjalo, ngethemba ukuthi nizoMkholwa futhi niMemukele.

113 Futhi khumbulani manje, njengoba sivala. Lokhu ukuphela konyaka wabeZizwe. Akukaze emlandweni kube khona, kuze kube manje, lesi yisikhathi sokuphela. Sibe noMnu. Billy Graham, uMoya omkhulu njengoJohane umBhaphathizi owaphuma engenzi-zimangaliso.

114 Bangaki abefundisi lapha abawaziyo lowo mlando, umlando webandla, nesiphrofetho siyaziphinda okungenani kanye noma kabili na? Iqiniso. Niyakholwa. Bukani uMathewu 3: "EGibhithe Ngibiza iNdodana yaMi." Bhekisela lokho emuva futhi ubone ukuthi kwakungeyena yini uJakobe. Leyo kwakuyindodana yaKhe, futhi. Niyabo? Umlando uyaziphinda.

115 Futhi kwahamba uMoya omkhulu, ekuFikeni kwaKhe kokuqala nje. Kwafika uMoya omkhulu ngaphambi kokubhujiswa kwamaJuda, ngesimo sikaJohane umBhaphathizi, owayengenzanga zimangaliso nhlobo kodwa engumshumayeli onamandla. Okumlandelayo uMoya owawungabanga umshumayeli onamandla, kodwa izibonakaliso nezimanga nje

ziqala ukwenzeka yonke indawo. Ekuvaleni nje konyaka. Lokhu ukuvalwa konyaka wabeZizwe. Asikhuleke.

116 Nkosi Nkulunkulu, kulukhuni kakhulu, Nkosi, ukuzama ukukhuluma konke okusenhliziyweni yakho ngomlayezo owodwa omncane onqunyiwe, ngokwazi ukuthi bangaba khona abantu lapha abazo . . . ngeke siphinde sibonane ubuso bomunye nomunye size sihlangane ngaloloSuku ngasezinyaweni zaKho.

117 O Nkulunkulu, asiziphathe kulobubusuku njengamaKristu angempela, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu angempela. Siphe ukukholwa ukuba sikholwe iZwi laKho futhi sime. Lapho sifunda ezinsukwini zasendulo, lapho abesilisa nabesifazane ababengamagwala behlehlela emuva, ngisho nalabo abanjengoNikodemu abashelelayo. Kodwa, o, simazisa kanjani lowo owaphuma ngqo wase ethatha indawo yabo.

118 Nkulunkulu, ngiyakhuleka kulobubusuku, ukuthi Uzokwenza lokho kuwo wonke umuntu olapha, banikeze i—isibusiso esinjalo sokunyakaza kukaMoya, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha uzothatha isikhundla sakhe njengamakholwa angempela. Siphe khona, Nkosi.

119 Phulukisa abagulayo nabahluphekile. Futhi siyafundiswa emiBhalweni ukuthi ngenkathi, ngolunye usuku, usuku lokuqala emva kokuba Wena uvukile kwabafileyo, ngalolo suku lokuqala lwasekuseni lwePhasika, kwakukhona amadoda amabili ogama . . . igama lomunye wabo, futhi lona, ngeke sikwazi ukulisho; nomunye kwakunguKleyophase; futhi babesendleleni ehlela komunye umuzi omncane othiwa i-Emawuse. Futhi njengoba behamba bekhuluma ngomBhalo, nangaWe, Waphuma ehlathini ngqo wase uhamba nabo usuku lonke. Futhi abazange baqonde ukuthi Wawungubani.

120 Futhi, Baba, ngiqinisekile, kulobubusuku, ukuthi lababantu bangaqonda ukuthi sizama nje ukukhuluma iZwi likaNkulunkulu, izinto Azithembisile. Futhi Wakhuluma kubo ngalolosuku ngeZwi. Futhi lapho befika endlini yezihambi encane, kusihlwa, baKuncenga ukuba ungene. Futhi ngenkathi Ungena ngaphakathi futhi wavala umnyango, Wenza into ethize njengoba Ubujwayele ukuyenza ngaphambi kokuba Ubethelwe. Futhi ngalokho bazi ukuthi Uvukile futhi kwabafileyo. Ngokushesha, bagijimela kubafowabo futhi bathi, "Impela iNkosi uJesu ivukile kwabafileyo. Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma nathi endleleni na?" Nkulunkulu, sengathi lobo kungaba ngubufakazi balababantu, kulobubusuku, ababuyela ezansi edolobheni, izindawo ezehlukene.

121 Woza, Jesu, futhi ukhulume ezinhliziyweni zethu futhi wenze okuthize lapha kulobubusuku; ukuze abesilisa nabesifazane, abafana namantombazane bangahle bazi, ukuthi ngemva kokukufunda eBhayibhelini, indlela Owenza ngayo emuva lapho

ngalolosuku, futhi uzisho ukuthi Uyafana namhlanje, yenza ebandleni laKho kulobubusuku, okufanayo, Baba; ukuze abantu bangathi, endleleni yabo eya ekhaya kulobubusuku, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Siphe khona, Nkosi, futhi ukudunyiswa kuyakuba ngokwaKho, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

122 Manje, lona umzuzwana lapho ngizocela, uma nithanda. . .ngifanele ngihambe imizuzu eyishumi nanhlanu kuya kwengamashumi amabili ezayo, nifanele nihambe manje. Angifuni ukuhambahamba ngenkathi uMoya oNgcwele, uma Eza ukuzosebenza, niyabo, Yena. . .Ufanele uhloniphe ngokuzithoba, futhi ubheke, futhi ulalele. Ngakho-ke uma uzohamba, ngizokwenza manje, ukuze ungezukuphazamisa umhlangano. Bangikhipha emhlanganweni lapho kuneziphazamiso.

123 Futhi manje, uma ungumgxeki, noma ongakholwayo, bengingeke ngihlale kulolu hlobo lomhlangano ngenkathi lokhu kuqhubeka, ngoba noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi, ukuthi imimoya emibi isuka komunye iye komunye. Siyavumelana nalokho. Ngakho-ke akusikho ukudlala isonto.

124 Lapha ebusukwini obumbalwa obudlule, ngabe uzwile u-Ananiya noSafira, ukuba kwakungengenxa yezihawu zikaNkulunkulu. Futhi kukangaki nina bantu nizwa, uma izinkonzo zenhlonipho, izinto zenzeka kanjani kanjalo ngesikhathi somhlangano na? Ngakho hloniphani ngokuzithoba ngempela, nithule, nihlale phansi, ninothando, nibe semkhulekweni.

125 Manje, ngiyakholwa. . .Ubushilo ukuthi bekuyini. . .? Maphi amakhadi omkhuleko na? Ikhulu, ingabe uwakhiphile na? Ini? O Y, ikhulu. Kulungile, ngeke siwakhuphule onke kanye kanye, bengizocela, khona-ke, amakhadi omkhuleko Y, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Mabeze kuqala. Kanjani. . .? Singabadlulisa ngalendlela, mnumzane? Ubani onekhadi lomkhuleko u Y, wokuqala na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uma ukwazi ukusukuma; manje, uma ungakwazi, othile uzokuthwala. Ikhadi lomkhuleko. . .Liphendule; yikhadi eliyisikwele elincanyanyana elinenombolo nohlamvu. Unalo lelo, nenekazi na? Y, wokuqala na? Y, njengo y-o-u? Y, wokuqala, phakamisa isandla sakho, noma ngabe ukuphi. Maphakathi, inenekazi eliselincane lapho? Woza ngapha, dade.

126 Y, wesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? Bheka ikhadi likamakhelwane wakho; angahle abe yisithulu, isimungulu, akakwazi ngisho nokukhuluma noma ukuzwa. Unaye owesibili na? Woza khona lapha, nenekazi. Owesithathu? Ikhadi lomkhuleko lesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho ngiyacela? Ungeza ngapha, nenekazi na? Elesine? Vele

uphakamise izandla zakho ngokushesha ukuze sibone ukuthi sikuphi . . . Elesine? Ikhadi lomkhuleko . . . Phezulu le kuvulandi osesitezi? Kulungile, elesine, yehla uze ngqo, ikhadi lomkhuleko lesine. Elesihlanu?

Manje, abafana bayehla, baxubanise onke lamakhadi, futhi bavele bakunike wona, nalokho—lokho yindlela esinawo ngayo.

127 Elesihlanu? Ukhona onekhadi lomkhuleko lesihlanu na? Nyakazisa isandla sakho, noma vayizelisa isandla sakho, ukuze sazi. Kulungile. Isithupha? Ikhadi lomkhuleko lesithupha, phakamisa isandla sakho? Kulungile, nenekazi, kunjalo. Elesikhombisa, elesikhombisa? Isishiyagalombili?

128 Manje bhekisisani manje, ukuze kungabikho muntu . . . othile angahle abe yisishosha (futhi uma benjalo, sifanele sibathwale, niyabo), uma kungumuntu oyisithulu nesimungulu.

Isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi? Isishiyagalolunye, ishumi? Kulungile. Ishumi nanye, ishumi nambili? Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu? Yebo, mnumzane? Kulungile, umzuzu nje.

129 Kulungile. Manje, ngenkathi beseza, ake ngikhulume nani futhi. Ngale enye indlela, nenekazi, uma uthanda, khona ngalapha lapha, woza ngapha ngalendlela, yakha umugqa wakho. Kulungile, ngenkathi besakhuluma- . . . ngenkathi ngisakhuluma, futhi bashaya umugqa, okomzuzwana nje.

130 Manje, ngizocela ukuthi wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba nje futhi athule ngangongakwenzeka. Manje, ngiyazi ukuthi izikhathi eziningi uNkulunkulu uyababusisa abantu, futhi bayadazuluka kakhulu; lokho kulungile ngokuphelele. NgingowaseNingizimu, ngikujwayele lokho. Niyabo? Lokho akukhathazi.

131 Kodwa manje ungathathi izithombe, uvumele ukukhanya kubanike, nanoma yini; hlonipha ngokuzithoba nje. Isizathu uMoya oNgcwele ungukuKhanya. Bangaki okwaziyo lokho, owaziyo ngomBhalo UngukuKhanya na?

132 Manje, bangaki phakathi lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko, noma kuphi esakhiweni, akunandaba ukuthi ukuphi, awunalo ikhadi lomkhuleko, nokho ufuna uJesu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Uthi, "Ngifuna uJesu angiphulukise," ngicela uphakamise isandla sakho, ukuze nje ngithole umqondo ovamile. Kulungile, lokho kuhle kakhulu. Kulungile, manje hloniphani ngokuzithoba ngempela.

133 Manje, into . . . Uma ungakhuphukeli lapha emsamo, vele ubuke phezulu kuKristu bese uthi, "Nkosi Jesu, uma lendoda ingitshele iqiniso, engikholwa ukuthi ingitshelile, khona-ke Wena khuluma kimi." Futhi angi . . . Ungazami ukuzicindezela manje; vele ukhululeke, wena yithi, "Nkosi, ngiyazivuma izono

zami; konke engikwenzile okungalungile, ngixolele ngakho. Futhi ngiphulukise, Nkulunkulu othandekayo. Siphe khona." Bheka ukuthi uNkulunkulu unesihe kangakanani.

134 Futhi manje, lokho ngukuthi . . . Manje, wonke umuntu ophakathi lapha, ngokwazi kwami, uyisihambi ngokuphelele kimi; ukuze abantu abangahle ukuba bahlezi eduze. Ukuphela kwabantu engibaziyo kulesi sakhiwo nguMnu. Sweet, uDkt. Vayle, nomfana wami, ohlale- . . . Ngicabanga ukuthi lowo nguye emi emuva lapho ebumnyameni; angiqinisekile. Yilabo kuphela engibaziyo.

Bangaki lapha oyisihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu. Angikwazi; angazi lutho nga . . . emgqeni womkhuleko ngendlela efanayo? Manje, kulungile.

135 Manje, kuphakathi kokuthi sizothola iZwi liyiqiniso noma aLisilo iqiniso; mina ukuthi ngikhuluma iqiniso, noma hhayi iqiniso. UNkulunkulu usebenzana neqiniso kuphela, siyakwazi lokho. Umuntu angasho noma yini ayifisayo, kodwa uma uNkulunkulu engakusekeli, futhi athi kuyiqiniso, khona-ke kuyiphutha. Ngisho ukuthi iZwi laKhe liyafana, futhi Uhlala enguye, futhi angeke abe lutho olunye ngaphandle koNkulunkulu ofanayo, futhi ufanele enze ngendlela efanayo Ayehlale eyenza.

136 Futhi uma Ezokwenza lokho lapha emsamo, phandle ezethamelini, futhi Azimemezele uJesu ovukile, uma nonke nizoMthanda futhi niMkholwe, nithi, "Amen," kuYe. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu anibusise.

137 Manje, emva kokukhuluma, ngineqiniso niyabona lapho engimi khona, ukuthi isiphi isikhundla engikuso. Futhi uNkulunkulu, OnguMahluleli wami onesizotha, uyazi, lona wesifazane, noma yimuphi wenu bantu engingambizanga, emgqeni womkhuleko noma okuthize, anginazi. Khona-ke iNto ethize ifanele yenze manje, noma umBhalo unephutha, ngoba ngizifundile lezizinto emBhalweni, okuyithembiso sikaNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi lelo yiqiniso na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

138 Kuyisithembiso sikaNkulunkulu. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Akadingeki ukuba akwenze, kodwa Uzofanele akwenze ngendlela yokuthi Wethembisa ukuthi Uyokwenza, yilokho Akwenzayo. Wenza- . . . Yena—Yena wayengadingeki ukuba aphulukise ngenkathi Elapha emhlabeni, kodwa Wakwenza ukuze kugcwaliseke.

139 Yilokho Akwenzayo namuhla: ukuqeda unyaka wabeZizwe; abuyele kumJuda; iBandla liya eKhaya; imbubhiso iza emhlabeni, nakho ukubhujiswa kwakho; uhambile. Niyabo?

140 Futhi niyabo, into kuphela obekungayithatha ukuba kwenzeke kulobubusuku, iziphuzo ezimbalwa zikagologo. Sekuvele kufqeqeshiwe. Niyabo? Akukho ongakwenza ngakho.

Kusobala sinento efanayo yokudubula emuva ngaleyo ndlela. Kwenzani na? Kuphonsa izwe emzileni walo, njengoba nje iBhayibheli lisho, futhi uyahamba.

141 Uyakhumbula ukuthi uJesu wathini, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu"? Ukhona owake wakufunda lokho na? yithi, "Amen." Kwakuyini na? Ngaphambi kokuba uLoti abhujiswe, noma, iSodoma libhujiswe, kwakukhona iNgelosi eza kwabaKhethiweyo, okwakungu-Abrahama, ingabe kunjalo na?

142 Futhi ngenkathi Ekwenza, Wahlala phansi, Efulathele itende, futhi Wathi kuSara, noma, Wathi ku-Abrahama, "Cishe ngokwesikhathi sokuphila, Ngizokuvakashela. USara uzoba nalengane obuyilindile, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu."

143 NoSara, emuva ethendeni, emva kwetende, emva kweNgelosi, wamamatheka. NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Bangaki phakathi lapha abake bakufunda lokho na? "Uhlekeleni uSara na?" Wayeyini na? Umbhuli, ofunda ingqondo na? Khumbulani, leyoNgelosi yayinomlayezo wokugcina iSodoma elawuthola ngaphambi kokuba libhujiswe.

"Njengoba kwakunjalo," kwasho uJesu, "ezinsukwini zaseSodoma."

144 Manje, khumbulani, nguBukhona beNgelosi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, olapha namuhla nazo zonke ezesayense nesibonakaliso nezimanga Ake wazethembisa, ukukugcwalisa kini bantu. Nina maKristu nifanele nijabule.

145 Manje, ngiphendukela kowesifazane. Manje, nenekazi, wena nami njengoba siyisihambi komunye nomunye, futhi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana. Ngimdala kuwe ngeminyaka, futhi lesi isikhathi sethu sokuqala ngqa ukuba sike sihlangane. Kodwa lokhu, ezethamelini, uma nifunda uJohane oNgcwele 4, bukani lokhu, into efanayo ncamashi: INkosi yethu yahlangana nowesifazane Eyayingakaze imbone ngaphambili empilweni yaYo, futhi njengalapho endaweni ebonakala sikhathi sinye encane, njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, *kanje*. Manje, nangu, futhi Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi owesifazane wathi, "Lo nguMesiya."

146 Manje, mina ngingakwazi, dadewethu, angazi noma ngabe ungumKristu, noma ungumphikinkolo, ukuthi impilo yakho iyini, ukuthi ibiyini; a—angazi; anginayo indlela yokwazi; angazi lutho ngawe. Kodwa uma okuthize, amandla angaphezu kwawemvelo kaNkulunkulu, ngaleNgelosi, lapha, azofika futhi . . .

147 Uma ngithe kuwe, "Nenekazi, uyagula; uzosinda; qhubeka"; ubungaba nezwi lami nje; yilokho kuphela obuyokwazi ngakho. Okungukuthi, lokho kungaba ngokulungile.

148 Kodwa uma Efika futhi akutshele okuthize emuva empilweni yakho, uyokwazi noma lelo yiqiniso noma qha. Uyoba ngumahlulelli walokho. Ngakho-ke uma Azi ukuthi bekuyini, Ubezokwazi ngempela...Uma Engakutshela okwakuyikho, ubuyoba nesibindi sokwazi ukuthi Akushoyo kuzoba njalo, kuzoba njalo. Kulungile? Ngoba bekuyoba uNkulunkulu; ungakholwa ukuthi bekuyoba nguYe na? UJesu? Ungakukholwa na? Kwangathi iNkosi ingapha khona, kungumkhuleko wami.

149 Manje, njengoba izethameli zilindile ngenhlonipho yokuzithoba, futhi wena u—uyiqembu elinenhlonipho yokuzithoba labantu, nali ihora. Manje, uma wena...uma owesifazane, ngobuqotho enhliziyweni yakhe, uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Ubengazizwa ngendlela azizwa ngayo manje, emi phambi kowesilisa. Ngizoba yindoda njengoyihlo, umfowenu, umyeni. Kodwa kukhona into esanda kuqala ukwenzeka, ukuzithoba kwangempela, omnandi, umuzwa uza kuwe. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, impela. Uyabo? LeNgelosi, uyasibona isithombe saYo, phakathi kwakho nami, ngukukhanya kwangempela nje.

150 Owesifazane akamile lapha ngesingaye, umele omunye umuntu lapha; akukho lutho olungalungile ngowesifazane, ngaphandle kokwethuka. Uwuhlobo lomuntu onokwethuka olukhathazekayo ngezinto, owela amabhuloho ngaphambi kokuba ufike kuwo. Kodwa ulapha ngomunye umuntu. Yiqiniso lelo.

151 Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela lokho okuzele lapha, ungaMkholwa ukuthi unguMesiya, futhi uzohamba uyotshela abanye ukuthi uMesiya usaphila na? Uzokwenza na? Uyakholwa ukuthi iso elincane lizoqonda, lomntwana na? Iso eligwegwile, eliyinxemu, uyakholwa ukuthi Uzokwenza—ukuthi Uzoliphilisa na? Uzokukholwa na? Unokunye enhliziyweni yakho futhi, awunakho yini, ngaphandle kwalowo mntwana na? Ngumama wakho, uyafa; unomdlavuza. Lokho yiqiniso. Futhi ukhathazekile ngensindiso yakhe ngoba uyiKatolika. Lokho kuyiqiniso. Ungakhathazeki, yiba nokukholwa. Mthumelele leloduku; ungangabazi, unakho okucelile. UNkulunkulu akubusise, hamba, futhi ukholwe manje futhi wemukele. UNkulunkulu akubusise, dade.

Uyakholwa na? Manje, buza owesifazane, angahle... Ubungamazi. Hlonipha ngokuzithoba ngempela manje, ngiyacela.

152 Niyaqonda, bazalwane abangabefundisi, ukuthi uKristu ukuthi mina nawe simmelele (mina njengomshumayeli weBaptisti iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa enkonzweni), lobo nguBukhona baKhe lapha manje ukuqinisekisa ncamashi nje? Bangaki owaziyo ukuthi leyo yindlela Enza ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni na? Ake

sinibone niphakamisa izandla zenu, nina bantu noma kuphi. IBhayibheli, yilokho iZwi likaNkulunkulu elakusho.

153 Manje-ke, uma lena kuyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, uma kunguYe owayelapha emhlabeni futhi wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, nxa seNgihambile; Ngiyoba nani, ngibe kini": lowoMvini ofanayo wawuyothela isithelo esifanayo, ubungeke na? Awu, naNku, wenza into efanayo. Ungabi ngongakholwa. Nonke, njengamanje, nifanele nikholwe.

154 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga, nenekazi? Okokuqala ngqa sike sihlangane empilweni. Uma bengingakusiza futhi ngingakwenzi, bengiyoba umuntu ononya. Kodwa ngi—nginomama omdala ekhaya kulobubusuku, futhi ngi—ngiyamthanda; futhi ngishiye umndeni, umama, nabo bonke, ukuza lapha ukuzozama ukusiza, ukwenza ukuphila kube mnandi kakhudlwana kubantu, nokwenza konke engingakwenza njengenceku yaKhe. Uma iNkosi uNkulunkulu ibingangitshela ukuthi uzele ini lapha, ubungangikholwa na? Futhi ukholwe ukuthi bekunguYe ekwenza na? Ingabe izethameli bezingakukholwa na? Inenekazi, lihlushwa yisimo sokuguliswa yimizwa, linenkathazo yenhliziyo, futhi linemithambo edumbile. Lokho kuyiqiniso impela. Uyakholwa manje na?

155 Wena uthi, "Mnu. Branham, ukuqagelile lokho." Angizange. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ake sikhulume naye siqhubeke kancane. Ubungakungabaza na? Kwangathi iNkosi ingapha khona.

156 Yebo, kunomunye umuntu lapha oswele futhi, lowo ngumyeni wakho. Uyafa, ufanele afe masinyane uma uNkulunkulu engamsizi. Unelukhemiya isifo sokushodelwa yigazi; lowo umdlavuza omgudwini wegazi. Kunjalo; kunjalo. Igama lakho nguNkk. Harford. Igama lakho uRose futhi elakhe nguRobert. Lelo yiqiniso. Hamba endleleni yakho, kholwa uNkulunkulu futhi uphile, nenekazi. Kholwa uNkulunkulu, uJesu Kristu, Okhona. Uyazi ukuthi nguYe lapha na? Awu, Mamukele manje njengoMphulukisi wakho ngakho kokubili, futhi uqhubeke nendlela yakho futhi sengathi iNkosi uNkulunkulu ingakubusisa ngokucebile, dadewethu.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Manje, kholwani nje, ezethamelini.

157 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga, nenekazi. Okokuqala sihlangene. Ku. . .Manje, wena u. . .uma ugula ngi—bengingenze lutho ngakho ngoba ngingumuntu nje. Kodwa uNkulunkulu angenza okuthile ngakho. Manje, ukuba uJesu wayemi lapha egqoke lesudu, ubungathi, "Nkosi Jesu, ngiphulukise."

158 Ubeyothi, "SeNgivele ngikwenzile." Niyabo, ukuphulukiswa kuyinto efana nensindiso; sekwedlule. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo saphulukiswa thina." Sekuvele kuqediwe ekubuyisaneni. Siyakukholwa nje.

159 Akukho engangingakwenza. Niyabo? Kungaba yilokho Ayengakwenza . . . Yena sewakwenza vele. Wukukholwa kwakho uku . . . Manje, Angahle akutshele okuthize ukukwenza ukholwe ukuthi WayenguMesiya futhi ngalokho ungakholwa ukuthi ukubuyisana kwakulungile. Futhi nakhu Akwethembisa ukuthi Uyokwenza; sebenza uqhubeke ngqo. Uyikholwa, ikholwa elingumKristu. Ungaba umuntu ongumphikinkolo, umgxeki, kodwa awuyena.

160 Into efanayo nalo wesifazane ohlezi phakathi . . . ohlezi phansi ngqo, ekugcineni kwesihlalo. Lawo amnyama, amandla amademoni. Lo wesifazane uhlushwa isimo esinzima sangempela; kunjalo impela. Unokwethuka futhi uhlale usaba. Unenkathazo yenhliziyo; futhi lokho kunjalo. Futhi unokwethuka, futhi unesimo esesabekayo. Khona-ke uyesaba futhi; waba nokuthile okwenzeka kuwe, lapha esikhathini esidlule, wathathwa ifindo, noma, isimila, sisuka ekhanda, futhi siyabuya futhi.

161 Lelonenekazi elincane elihlezi lapho lihlushwa ukwethuka kwengqondo. Kunjalo. Kunjalo nenekazi eliselincane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa nawe na? Yebo, uyakukholwa na? Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. Nobabili niphulukisiwe. Hamba endleleni yakho uthokoza. UJesu Kristu uyakusindisa. Ungabe usasaba ngakho; sekuphelile konke manje, yiya ekhaya. Uqamba amanga nje, idemoni belikhona, kodwa seliphumile kuwe manje. Hamba nje ukholwa, unokukholwa.

UyaMthanda na? Ungu-Alfa no-Omega omkhulu.

162 Manje, kukhona okunye okwenzekile ngaleso sikhathi nje. Yibani nehlonipho yokuzithoba ngempela, ngiyacela. Kunenenekazi elihlezi eduze nasekugcineni lapho liphakamise izandla *kanje*. Lihlushwa inkathazo yeso; linenkathazo ngamehlo alo. Futhi linenkathazo yenhliziyo futhi. Ubukhuleka, ubungenjalo yini, nenekazi na? Inenekazi elihlezi khona lapho eduze kwendoda ephendukile futhi yabuka umkayo. Phakamisa isandla sakho, nenekazi. Yiqiniso lelo. Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe. Uyakholwa manje ukuthi uzoba kahle na? Kulungile, hamba uye ekhaya, ukhohlwe ngakho. Dumisa uNkulunkulu. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

Nginiphonsela inselele yokuthi nikukholwe. Bhekisisani, hloniphani ngokuzithoba manje. Ningayaluzi.

163 Nenekazi, ingabe siyizihambi komunye nomunye na? Ukhathazekile, uphatheke kabi. O, kumayelana nalomfana.

Yilokho omlethele khona lapha; usanda kumletha lapha. Yiqiniso lelo. Uma iNkosi uNkulunkulu wethu izongambulela lokho okhathazeke ngakho kakhulu ngalomfana, ingabe uzokwamukela, futhi ukholwe ukuthi kuvela eNkosini uNkulunkulu wethu na? Umfana uzohlinzwa, futhi udokotela uthi kunesimila ngasenhliziyweni yakhe okufanele sikhishwe. Lokho kuyiqiniso, akunjalo na? Futhi ukhathazekile ngakho. Uma uNkulunkulu elapha futhi azi ngomntwana, Akamkhathalele na? Ingabe uzomamukela njengomntwana wakho ukuba aphile, futhi uzomkhulisela inkazimulo kaNkulunkulu na? Asikhuleke.

164 Nkulunkulu othandekayo, ngibiza ukuphila kwalomntwana, ngoJesu Kristu, sengathi angaphila. Kwangathi umama angabusiswa. Futhi sengathi umphakathi ungabusiswa. Ngokuba sikucela lokhu eGameni elibusisiweyo leNkosi uJesu. Amen.

Ungakhathazeki manje, yiba nokukholwa mfana omncane; uzoba kahle.

165 Woza nenekazi. Angikwazi. INkosi uNkulunkulu iyakwazi. Uma Ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, ingabe uzoMemukela njengoMphulukisi wakho na? Hlonipha ngokuzithoba ngempela. Uhlushwa yinkathazo yesisu nenkathazo yesibindi; isibindi siyayibangela ngempela, imunca inyongo esiswini bese iyiphonsa elumbeni. Kunjalo. Futhi ngikubona wenza okuthile ukuzama ukuta-. . . O, awunakho ukunambitha; ulahlekelwe umuzwa wakho wokunambitha. Awunakho ukunambitha noma ukuhogela, phakathi kokukodwa. Yiqiniso lelo. Uyakholwa ukuthi usunakho manje na? Qhubeka, kunjalo. UNkulunkulu akubusise.

166 Baningi kulesi sakhiwo abahlushwa yinto efanayo oyiyo. Kodwa uNkulunkulu uhlala enhliziyweni. Uyakholwa ukuthi Angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo futhi akusindise na? Uyakukholwa na? Asikhuleke.

167 Nkosi Nkulunkulu, sindisa lona wesifazane ngenxa yenkazimulo yaKho njengoba ngicela, eGameni likaJesu. Amen. Ungesabi. Hamba ukukholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho, ungangabazi.

Ubunento efanayo, ngakho-ke qhubeka uhamba nje, ukholwa uNkulunkulu.

168 Niyakholwa, phandle ezethamelini na? Ngiyacela, manje, hloniphani ngokuzithoba nje ngokusemandleni enu. Ngenhlonipho yokuzithoba, ngiyacela, nonke.

169 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyokuphulukisa kulesosifo samathambo, uhlezi lapho, mnumzane, akusindise na? Umnumzane ohloniphekile osekhulile ohlezi lapho

egqoke ibhantshi elincane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa na?

170 Awusho, wena o—omthinte ngaleyonkathi. Uyindoda elungile. Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yomlenze izolunga na? Igama lakho unguMnu. Young, manje, futhi ungaya ekhaya, uphile. Yiqiniso lelo, akunjalo na? Kulungile, lokho bekuyinto nje okufanele ishelele ukuze ngingakwazi ukukubamba. Ngiyabona bekunguwe ukholwa kwasekuqaleni.

Uyakholwa na?

171 Inenekazi, elihlezi ezansi lapha, inenekazi lesibili, elithi ukuba nomzimba omkhulu, lihlushwa umfutho wegazi ophakeme, lingibuka ngqo, ohlwini lokuqala lapho, uyakholwa iNkosi uNkulunkulu iyakusindisa, dade na? Uyakukholwa na? Ungakwemukela njengokuphulukiswa kwakho na? Phakamisa isandla sakho phezulu uma ukwamukela. Kulungile. Phakamisa iduku lakho phezulu le, ungabi namahloni; ngokukholwa okunjalo, ungamthinta uNkulunkulu. Yiba nokukholwa.

172 Ezansi le ekugcineni kohlu, ohlezi lapho phakathi kwamadoda amabili, inenekazi elinomfutho wegazi ophakeme, uhlu lwesibili emuva, ekugcineni, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphulukisa emfuthweni wakho wegazi ophakeme na? Kwenzekile ukuthi, ngibone umvimbo ushiya lelinenekazi futhi uya kuwe; yingakho ngazi ukuthi ungaphulukiswa, uma ufuna ukukwemukela.

173 Ngiphonsela inselele ukukholwa kwakho. Nanku umphefumulo othandekayo uhlezi lapha, khona emuva ngqo lapha ngemuva, uhlezi lapho, ugqoke isigqoko esincane esimnyama, unenkathazo ngekhanda lawo, uyakhuleka ngakho. Lokho kunjalo, akunjalo yini, dadewethu na? Khona lapha, inenekazi elincane eligqoke isigqoko esimnyama nezibuko, unenkathazo ekhanda lakho; kodwa awuyizwa manje, uyayizwa na? Uphulukisiwe ngaleso sikhathi.

174 Inenekazi elihlezi eduze kwakho libukeka njenge... Uyakholwa, nenekazi na? Ngifuna nje ukuxhumana nomoya wakho. Beka isandla sakho phezu kwenenekazi eliseduze kwakho lapho. Inenekazi elisanda kuphulukiswa, beka isandla sakho phezu kwenenekazi elilandelayo. Yebo. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izokuphulukisa, nenekazi na? Unokulakanyana, izinto eziningi ezingalungile kuwe, njengesifo sikashukela, okokuqala, isifo senhliziyo, kokunye. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, hamba uye ekhaya, ukholwe ukuthi sekuphelile, kuzohamba.

175 Lokho kuthelelela...inenekazi elincane elihlezi ngezansi kwakho lapho, uyakholwa ukuthi uzophulukiswa kulokho kuthelelela, nenekazi na? Uyakholwa, inenekazi elincane lapho? Nkk. Hunter waseCaribou, sukuma. Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Angikaze ngikubone, ngike ngakubona na?

Ngiyazi ukuthi iphimbo lami liyawawaza. Siyizihambi komunye nomunye, uma siyizo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Ngabe lezo zinto zilungile, okushiwo na? Kulungile, buyela ekhaya futhi uphile; uJesu Kristu uyakuphulukisa.

Ucabangani ngakho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi usuphulukisiwe manje na? Hamba ngendlela yakho uthokoza; yileyo ndlela yokwenza. Amen.

176 Inkathazo yokwethuka, ibangele inhliziyo yakho ukuba ibhakuze, nokunye nokunye, kunjalo, ngempela, obekuwukungagayeki kokudla. Kunenqwaba yalokho phakathi lapha. Bangaki abahluphekayo...? Ake nginibonise. Bangaki phakathi lapha abahlushwa yinkathazo yokwethuka na? Phakamisa izandla zenu umzuzu nje. Niyabo, uzokubiza kanjani lokho na? Niyabo, kukuyo yonke indawo nje. Nonke nina eninenkathazo yokwethuka yimani ngezinyawo zenu. Yima ngezinyawo zenu uma nifuna ukwamukela uKristu khona manje. Lalelani; yimani ngalapha ngqo umzuzwana nje, ngiyacela.

177 Woza lapha nenekazi, noma, indoda. Woza lapha, mnumzane, angikwazi, ingabe ngiyakwazi na? Siyizihambi na? Manje, ukuze abantu bazi ukuthi akusikho ukufunda ingqondo yakho, beka isandla sakho kwesami. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ngalendlela iyini inkathazo yakho, uzokwemukela na? Uzokwemukela na? Inkathazo yesisu, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo.

178 Wonke umuntu onenkathazo yesisu yima ngezinyawo zakho. Kuso sonke isakhiwo yimani ngezinyawo zenu, onenkathazo yesisu. Yima khona lapha, umzuzu, mnumzane. Uzobona inkazimulo kaNkulunkulu. Uma ungakholwa!

179 Inkinga yeqolo, yima emuva khona lapha. Bonke abanenkathazo yeqolo sukumani nime ngezinyawo zenu. Angikhathali ukuthi usukhubazekile isikhathi eside kangakanani, noma ulele phansi, sukuma ume ngezinyawo zakho. Ungabona inkazimulo kaNkulunkulu.

180 Niyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Niyakholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu ikhona na? Uma nikholwa, phakamisani izandla zenu, wonke umuntu esakhiweni. Sukumani nime ngezinyawo zenu, yilowo nalowo kini khona-ke; sukumani, wonke umuntu. Angikhathali uma ubungeke ukwazi ukusukuma emizuzwini embalwa edlule, ungakwazi manje. Phakamani. Nakho la nikhona.

181 EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ngisho ukuthi uKristu wanifela eKalvari, onithethelela izono zenu futhi waphulukisa izifo zenu. UBukhona baKhe, Olapha manje ukuzosho ukuthi Uvukile kwabafileyo, umemezele ngobufakazi obungenaphutha, ukuthi

Usekhona nanamuhla futhi angeke afe. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

182 Bonke abakukholwayo lokho, phakamisani izandla zenu. IBhayibheli lathi, Lathembisa, ukuthi Uyoba lapha ngalezizinsuku ukwenza lezizinto. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bangaki oyikholwa na? "Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Beka izandla zakho kothile oseduze kwakho, uma uyikholwa. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Yilokho okushiwo umBhalo.

183 Nakho lapho enikhona, ebunyeni obuphelele bukaMoya, ebunyeni obuphelele, nezandla zibekwe phezu kwenu, ubunye obuphelele noMoya oNgcwele, ubunye obuphelele namandla kaNkulunkulu, ubunye obuphelele emBhalweni, khona-ke kuzofanele kuphele. Asikhothamise amakhanda ethu ngenkathi sonke sinikela umkhuleko kuNkulunkulu.

184 Nkosi Nkulunkulu, siyaKubonga ngoBukhona baKho obukhulu, uMoya oNgcwele okhona manje ukuthatha izintambo nokubusa konke ukugula kulesi sakhiwo.

185 O, Sathane, wehluliwe empini, ukhohlisile abantu kwehle kudabule eminyakeni, kepha ihora selifikile, ngokuba uveziwe obala. Phuma kulababantu, kugula, ngiyakuyala ngeGama likaJesu Kristu, Olapha ukukwahlula futhi usekwahlulile, shiya lezi zethameli, eGameni likaJesu Kristu, phuma kubantu.

186 Bonke abemukela uNkulunkulu njengoMphulukisi wakho, uKristu njengoMphulukisi wakho, phakamisa izandla zakho kuYe. Amen. Kulungile, sinikeze indlela, *NgizoMdumisa*. Wonke umuntu manje, vele uzivalele ngaphakathi futhi asiMkhonze. Kulungile.

NgizoMdumisa,

Sonke kanyekanye manje.

. . . NgizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligezile kwaba yilowo nalowo . . .

Niyabuqonda uBukhona baKhe na? Masiphakamise izandla zethu sisacula.

Ngizodumisa . . .

Khumbulani, Mdumiseni, siseBukhoneni baKhe.)

. . . NgizoMdumisa,
Dumisani iWundlu . . . (Yilokho kuphela . . . ? . . . )
Mnikeni udumo nonke nina bantu . . .

